

# UKUSHINTSHANISWA KWEMININGO NGEKHOMPYUTHA I-ELECTRONIC DATA INTERCHANGE (EDI)

## Kuyini?

EDI, noma ukushintshaniswa kwemininingo ngekhompyutha i-electronic data interchange, uhlelo lokuhweba "olungasebenzisi amaphepha". Kubandakanya ukudluliswa kwemininingo ngekhompyutha, ngemigomo yemiyalezo esunguliwe, ukusuka kwenye ikhompyutha kuya kwenye.

Ukukhula kwezohwebo emhlabeni kusho ukuthi amabizini ahlala esungula izindlela ezingcono zokwengamela ukuhamba kwezinto ezingasetshenziwe, isitokwe kanjalo nezimpahla eziphelile. I-EDI ihlela ukuhamba kolwazi ukusuka kolunye uhlangothi kuya kolunye.

Usizo lokusebenzisa i-EDI:

- Yinqubo ezenzekelayo edinga ukungenelela okuncane noma engadingi nhlobo ukungenelela kwabanye
- Ukudalula kungemukelwa ngaso sonke isikhathi
- Ukutholakala masinyane kwezimpahla ngokuncishiswa kwezikhathi zokugunyaza
- Ukuncishiswa kwezinqubo zokwengamela ezenziwa ngesandla nokuholela ekwenzeni amaphutha ambalwa futhi kungabi khona okuphindekayo
- Ubudlelwane obuhlangene namanye amabhodi afana ne-Transnet Port Terminals, Transnet Rail Terminals, izindiza kanye nezikhumulo zamakhontena.

NgokweSaziso sikaHulumeni i-[Government Notice R814](#) yamhla zingama-31 kuNtulikazi 2009, abakwa-SARS bayalwelwe ngokomthetho ukuphoqelela ukusetshenziswa kwe-EDI uma kuthunyelwa izimpahla ezithile kanye nezidaluli zezimpahla kanjalo nemibiko.

Umthuthi (abathuthi) noma umsebenzi (abasebenzi) (isib. idepho, isikhumulo samakhontena noma umsebenzi wasechwebeni) ngenhloso yokuthumela, ukwamukela kanye nemibiko yokudlulisa impahla ohlelweni i-Manifest Processing (MPR) [kudala olwalubizwa nge-Manifest Acquistal System (MAS)] kumele babhalise nabakwa-SARS uma:

- Bethutha izimpahla noma abahambi bengena noma bephuma eNingizimu Afrika behamba ngomkhumbi, ngendiza, ngesitimela noma ngezimoto; noma
- Olayisha emkhunjini, endizeni, esitimeleni noma emotweni okuyizimpahla ezingakakwazi ukuhamba ngokukhululeka nakuyiphi indawo eNingizimu Afrika bese ethutha lezo zimpahla ziye kwenye indawo eNingizimu Afrika noma zidlule eNingizimu Afrika. Abathutha izimpahla eNingizimu Afrika bethutha izimpahla ezingakagunyazwa kumele ziqale zithole imvume eMnyangweni wokuThelisa ngokweSigaba 64D (bheka SC-TR-01-05).

Abathuthi bamazwe angaphandle kumele baqoke i-eyenti ebhalisiwe eNingizimu Afrika ezokwazi ukummela. Umthuthi wamazwe angaphandle kumele athumele incwadi yokuqoka umuntu kanye ne-DA 185 D kuhambisane nesicelo sakhe sokubhalisa.

Umuntu owengamele noma osebenza esikhumulweni samakhontena kumele aqale athole imvume kuziPhathimandla zamachweba i-National Ports authority (TRANSNET). Uma lowo muntu eseyinikiwe imvume, kumele ayobhalisa eMnyangweni wokuThelisa njengomuntu ozobika ngempahla ukuze ezothumela imibiko emayelana:

- Nokulayishwa kwamakhontena emikhunjini kanye nokwehliswa kwamakhontena emikhunjini;
- Ukushintshwa kwesithuthi samakhontena;
- Ukugcinwa kwamakhontena;
- Ukunqwabelanisa nokudiliza amakhontena;
- Ukwemukelwa komthwalo kanye nokuhanjiswa kwamakhontena;
- Ukudluliselwa kwamakhontena ngaphakathi esikhumulweni; kanye
- Nokudluliselwa kwamakhontena phakathi kwezikhumulo, uma cuceliwe, kubandakanya ukudluliswa kwekhontena noma kwempahla ukuze ziyohlolwa eMnyangweni wokuThelisa.

Bonke abangenisa impahla ezweni kanye/nabaThelekisi, ama-eyenti abhalisiwe noma ama-eyenti abhalisiwe agunyazayo emnyangweni wokuthelisa nabo kumele babhalise njengabasebenzisi be-EDI ukuze bezothumela ama-

CCD ngekhompyutha aye eMnyangweni wokuThelisa, ngaphandle uma bethumela ama-CCD angaphansi kwayishumi (10) ngenyanga angadluli emigqeni eyishumi (10).

Imininingwane ephelele mayelana nokuhlelwa kwemininingo ye-EDI ingatholakala ebhukwini i-[SARS EDI Manual](#). I-SARS Electronic Data Interchange (EDI) Manual yafakwa ulwazi lwakamuva ngeveshini yakamuva ye-UN/Edifact Data Mapping Guides kanye nemidwebo ethuthukisiwe echaza ukwakheka kokusebenza kwezakhi eziningi ezahlukene zemiyalezo yekhompyutha yoMnyango wokuThelisa, bheka i**bhuku lakamuva i-EDI Manual**.

Ukuze iziNkokhelo zesiKhashana zokuDalulwa nokuSetshenziswa kwamaKhodi Akhethwayo kuzenzekele, [cofa lapha](#).

## Kusebenza kanjani ukuBhaliswa kwe-EDI?

Abakwa-SARS bayalelwa ngokomthetho ukuphoqelela ukuxhumana kusetshenziswa amakhompyutha. Lolu hlobo olulandelayo lwamakhasimende kudingeka abhalise njengabasebenzisi be-EDI ngokweSigaba 101A ukuze ezothumela ngekhompyutha imibiko kanye nezidaluli okuya eMnyangweni wokuThelisa.

Lolu hlobo olulandelayo lwamakhasimende kudingeka abhalise eMnyangweni wokuThelisa ukuze ezothumela imibiko ngekhompyutha ngokusebenzisa i-Manifest Processing System (MPR):

- Iziphathimandla zasesikhumulweni sezindiza;
- Abathuthi;
- Izithunywa ezihambisa izimpahla;
- Abasebenzi: Groupage, Container Terminal, Wharf, Container and Degrouping Depot, Transit Shed;
- Iziphathimandla zojantshi; kanye
- Road Haulier.

Lolu hlobo olulandelayo lwamakhasimende kudingeka abhalise eMnyangweni wokuThelisa ukuze ezothumela ukudalula ngekhompyutha kuye eMnyangweni wokuThelisa:

- Ongenisa impahla ezweni kanye / umthelekisi; kanye
- Ama-ejenti abhabhadisiwe kanye nangabhabhadisiwe.

Uma ungumfakisicelo wokuqala we-EDI noma uma uyikhasimende le-EDI elifisa ukusebenzisa i-inthanethi ukuze udlulise imininingo, funda le dokhumenti elandelayo: [PKI application procedure - Client](#).

## Imaphi amafomu afunekayo ukuze ubhalise njengomsebenzisi we-EDI?

Ngaphambi kokuthi ugqwalise amafomu, kumele uxhumane nomhlinzeki wosizo ukuze uthole i-software efanele. Uma sekwenziwe kwaphela lokho, kumele kugqwaliswe lawa mafomu alandelayo.

- [DA185 - Application form: Registration/Licensing of Customs and Excise Clients](#)
- [DA 185.4A6 - Registration Type 4A6 - Electronic Communication with SARS](#)
- [EDI User Agreement](#)

Abafakizicelo be-EDI abasebenzisa ikheli lothumela nge-inthanethi kumele bathumele eHhovisi loMnyango wokuThelisa noma eNhlokohovisi lakwa-SARS baphathe omazisi, amafomu okufaka izicelo kanye namadokhumenti afanele okweseka kulawa makheli:

The EDI Business Administrator  
Walker Creek Office Park  
90 Florence Ribeiro Avenue (corner of Florence Ribeiro Avenue & Totius Street)  
Nieuw Muckleneuk  
Pretoria. 0181  
Inombolo yocingo: 012-422 6981/5087  
Ikheli le-imeyili: [EDI\\_Administrator@sars.gov.za](mailto:EDI_Administrator@sars.gov.za)

Amakhasimende asebenzisa X. 400 okuyikheli lothumelayo bangathumela amafomu okufaka izicelo namadokhumenti ahambisana naso kuye ngqo koweNgamela i-EDI kuleli kheli elingenhla.

## Isikhathi sokuthola impendulo ngezicelo

Isikhathi sokuthola impendulo ngesicelo sokubhalisela i-EDI singaba izinsuku eziyisikhombisa (7) zokusebenza.